INKUMBULO
1986, eDüsseldorf

Abazali bami babeqala ngqa ukuthatha uhambo olude kangakaya, besuka eMondlo beqondé eJalimane. Babezé emkhosini wokugcotshwa kwami.

Emva kwakho konke ukuqeqeshwa nokuvivinywa kwezeNkolo, kwase kusondele usuku lokuthi ngethweswe igunya lobufundisi. Kwakuqoshwé umhla ka-18 kuMeyi 1986. IBandla lakithi iMelanchthon eDüsseldorf laselikade liqalile lilungiselela lo mkhosi. Nemizamo yokuthola amaphasphothi yayisigciné ibalungele oMama noBaba nòma kwakukade kwenqenekile-nje. Bayithola imvume, bayibamba phakathi indiza, beza emkhosini. Bahlanganisa izinyanga ezintathu bengapha!

Leli thuba livela-nje akekho owayesethemba ukuthi oMaZungu noKhumalo bayophinde babonane nabantwana nabazukulu babo abaphesheya ngaphambi kokuketulwa kombuso wobudlova nokucindezelwa wangalezo zikhathi eNingizimu Afrika. Ingani phela ukuhlukunyezwa nokutshwelezwa yizimpimpi nokugijinyiswa nokusongelwa ngofokisi bethi „bathungatha amaphekulazikhuni“ kwase kwaba yinsakavukela le ekhaya.

Sabalanda-ke esikhumulweni sezindiza eDüsseldorf. Babekade babagcina nini abantwababo nabazukulu? Indodana uBheni ngo-1975, umakoti uMaZulu ngo-1977 ekubavakasheleni kwakhe eMondlo esuka eReutlingen/eJalimane efika nendodakazi uGugu (ineminyaka emine) nendodana uSbusiso (inezinyanga eziyisithupha). UThabani, osezelwe muva-nje, uhlangana okokuqala ngqa nogogo nomkhulu wakhe lapha esikhumulweni sezindiza eDüsseldorf: „Baba!“ kusho uThabani kimi, „niyasikhohlisa-nje nina: oMkhulu noGogo bayasikhuluma isiJalimane! Amagama ethu bawabiza-nje kahle bathi `Gugulethu´, `Sibusiso´, `Thabani´, ngibezwile!“

Ubuhle obumangalisayo: OMaZungu noKhumalo bayaqala ukungabikho ekhaya isikhathi eside kangaka, bayaqala ukuvakashela omunye wabantwababo nomuzi wakhe bahlale nabo isikhathi eside kangaka - „phesheya“! Izizukulwane ezintathu izinyanga ezintathu ndlini-nye: kuxoxwa, kubikelwana, kuboniswana, kuhlekwa, kukuhle kudelile! Iminyaka yethu yobudala: 67, 63, 35, 33, 13, 9, 3.

EJalimane lapha singoMafikizolo-nje, sekusekhaya muva-nje: Ngenkuthalo yethu njengamadelakufa emzabalazweni wokukhulula elakithi eNingizimu Afrika sesanikwa ngokomthetho ngumbuso waseJalimane ngo-1979 igunya nezincwadi zokuhlala siphephile nokuqhubeka nemizamo yethu. Sibemukela-nje njengezivakashi zethu oBaba noMama ngo-1986 sinenkululeko nenhlalakahle esingakaze siyazi empilweni yethu ngaphambi kwalokho: Siqeda-nje ukwemukeliswa ubuzwe bakuleli mhla ka-30 Meyi 1986 - ngamunye ngamunye!

UBaba wathatha isinqumo sokuthi abhabhadiswe. NgoMgqibelo, mhla ka-17 kuMeyi, ngosuku olwandulela umkhosi wokugcotshwa kwami, usuku uThabani ayehlanganisa ngalo unyaka wesine wobudala, wabhajadiswa uBaba eNkonzweni yeBandla lakithi iMelanchthon eDüsseldorf. Ngaba nenhlanhla enkulu yokuthi iNkonzo iphathwe yimi; uBaba wabhajadiswa yimi.

nguBheni
20.08.2006